

Ilanga lase Natal, 2 January 1920.

NEWSPAPER: *Ilanga lase Natal*
DATE: 20 January 1920, p3.

LEGEND:

[?] incomplete, illegible word(s)
[] notes and words by transcriber

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

TRANSCRIBER:

Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.

AmaHlubi

(NGU M. M. FUZE)

Isahluko XXII.

UKUGODUKA KUKALANGALIBALELE

Kulezonsuku inkosi seihlezi ngasentshonalanga kwoMgungundlovu pansi kukaTelelegu inkosi yamaMpumuza yehlelwa umkutshanyana ombana nje yagingqika endawaneni encane nje. Kwahle kwati kuzo lezo'nsukwana yabe iyagoduka njalo. Po-ke uHulumeni, ngomusa nokuhauka kwake, wavuma ukuba amaHlubi atwale isidumbu sake ayekuzikwezela njengomkuba wokwenza kwakubo. Esekuvumile loko waba nomusa futi wokusitwala ngesitimela siyiswe ezweni lake abe ake kulo. Emva kwaloko uHulumeni ngomusa wake, wawatetelela amaHlubi izwi lake abe eselikulume waliqinisa ngapambili, lokuti akusayikuvunywa ukuba kube kona isizwe sasemaHlutshini emva kukaLangalibalele, noko wayibeka indodana yake uSiyepu abe inkosi yamaHlubi esikundhleni sikayise.

Isahluko XXIII.

AMAZWI OMBHALI WALENDABA.

Bantu bakiti, – Ngiyigcinile namhla le indaba ebuhlungu yokuciteka kwamazwe asemaHlutshini nelakwa Mazibuko. Angitokoziswa luto – ukuxoxela abantu abangelekeleli muntu odabeni lwakubo – ingabi kwoza kukale nyonini basambuluke ebutongweni. Kodwa nami ngiyazi ukuti kabanako ukungelekelela ngaluto ngenxa yokuba baseloku bazitshaya izikundhlwana mihla yonke, ngitsho bonke nje nalabo asebehamba ngezinzime njengami nje. Nami ngangingatsho ukuti ngixoxela bona kakulu kodwa nganginxanele ukwazisa abazovela okwaka kwenzeka bengakabiko. Umbuso kaHulumeni muhle, ngoba uyabahaukela abantu bake noma sikala sizibinya kwesinye isikati okunye sizibulala tina ngokwetu. Kade ommeli Allison, Lewis Grout, Lindley, Sobantu nabanye abahle baqala bememeza beti asizitengele umhlaba nati, kepa akuvumekanga loko ezinhliziyweni zetu, ngabo ubulimana lobu obuloku basipata mihla yonke. Into kambe esiloku sayigabisa ewona mbuso wetu, ngukuhlaba amahlele ukuyakupuzwa amatshwala, esiwapuza qede sibuye sidebezane amakanda; besesitata nenkongwana esinayo siyakuhlaula ngayo komkulu; abe uHulumeni engavumanga ukuba senze loko. Asiyiyekile futhi imikuba yobututa eyayenziwa ngabangapambili kwetu – ukuti lapa umuntu egula kuyiwe ezanusini kuyobulwa – ingati emaqinisweni yibo abantu abati beya esanusini besebemnukile omunye abazauti uba bafike kuso sebesitshayela, sibe sisanuke

loko abangakuvumiyo batshaye kancane basiqandelise njalo size sifike kwabapume ekaya bekuqondile anduba bavume nangemilomo yabo beti “Waukona mngoma!”

Bakithi, konke kuyapenduka namhla, kuvela okutsha. Makuyekwe okudala kwenziwe okutsha, kulandelwe izizwe ezihlakaniphile. Ngiyazi ukuti uma siqinisa sonke siya pambili siyakucina ngokufinyelela kuloko esikufisayo. Esicelweni sami sasekadeni ngangite: “Ngicela ukuba kuvele amadoda ayishumi nambili awatandayo ukuba kwenziwe amabhuku alezi zindaba”. Kepa kuze kube namhlanje kutule nya; sekute nalabo ababengikahla ngaleyondaba bati uba bezwe isicelo leso bafinyelisa okomsundu. Po-ke nami ngiti akusilo icala lami ngedwa leli, ngelabo bonke.

New England,
P.M.Burg